

Prof. Dr. Bongani Khumalo
1952 - 2020

uBongani Khumalo

insizwa kaMkhulunyelwa, umfana kaNdindi,
uMQulusi , uMzansi

uBongani Khumalo
ngumuntu
olungile, onomusa - onomoya omuhle;
oqotho, onesimilo,
onogazi;
ohloniphayo nohlonishwayo
ozithobayo, onemfundiso.

uBongani Khumalo
ngumuntu
okhuthele, onekhono, onokuzimisela nonentshisekelo;
ngumakhi nomeluleki
onengqondo, onezikhwepha, onomfutho, onesibindi,
ophembayo, ovuthelelayo, ofukulayo,
ovuselelayo.

uBongani Khumalo
ngumuntu
oyigagu, oyinono, ocophelelayo,
ocwaningisayo, ohlolisisayo,
igcokama;
ikholwa eliyisibonelo - isethenjwa.

uBongani Khumalo
ngumuntu
oneso, onesandla, onenhliziyo ehle;
obonelelayo, obekezelelayo,
onesihe, onozwelo;
ocebisayo, oxolelayo.

uBongani Khumalo
ngumuntu
ongumhlahlandlela,
obona kude,
iqhawe - ingqwele!

M z i l i k a z i !

eKhaya eJalimane
30.12.2020